

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za

SA EXAM PAPERS

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini A, NEMIBILI esiqeshini B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isibonelo: sebenzisa umdwebo osalulwembu/ifloshadi; amaphuzu asemqoka), phinda ufunde bese ulungisa namaphutha. Amalungiselelo mawabhalwe NGAPHAMBI kokuphendula umbuzo owukhethile.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-70 (2 x 35)

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

10. Qaphelisisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

1.1 Uhlekisa Ngami Namhlanje Kusasa Kungawe. **[50]**

1.2 Ifa Leziwula Lidliwa Izihlakaniphi. **[50]**

1.3 Ngiyayihlonipha Inkolo Yakho Nawe Lihloniphe Isiko Lami. **[50]**

1.4 Imidlalo Ebiyaziwa NjengeyabaMhlophe Isinesasasa Ngenxa Yokwanda Kwabadlali AbaMnyama Kuyona.

Luthini uvo lwakho ngalesi sitatimende? Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.5 Izindaba Ezikhishwa Abemithombo Yabezindaba Zingawuthuthukisa Futhi Ziwufadabalise Umnotho Wakuleli. **[50]**

1.6 Izithombe ezilandelayo ezisekhasini lesi-3 nelesi-4 zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6.1 noma 1.6.2 noma 1.6.3) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6.1

[Sithathwe ku-Inthanethi] **[50]**

1.6.2

[Sithathwe ku-Inthanethi] **[50]**

1.6.3

[Sithathwe ku-Inthanethi] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu bese ubhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umngani wakho ube ngomunye wezikhulumi emcimbini wokugujwa kosuku lwakho lokuzalwa.

Bhala incwadi umbonge ngamazwi akhuthazayo awathule kulo mcimbi. **[25]**

2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO

Uhulumeni ukhiphe uhlu lweMinyango yakhe ehlinzeka ngamathuba okuthuthukisa nokucija amakhono kulabo asebephumelele ebangeni le-12. Ngalokho ufisa ukufaka isicelo sokuba ngomunye wabasebenzi besikhashana kuMnyango WezaseKhaya.

Bhala ikharikhulamu vithaye kanye nencwadi ehambisana nayo. **[25]**

2.3 INHLOLOKHONO

IKhansela lesigceme sangakini liphume umkhankaso wokufuna abaholi abasebasha elizosebenzisana nabo. Ungomunye wabantu abasha elibakhethile. Ngaphambi kokuqala lo msebenzi, kube nenhlolokhono (I-inthavyu).

Bhala inhlolokhono ebikhona phakathi kwakho naleli Khansela. **[25]**

2.4 INCWADI YOMSEBENZI

Usanda kubuya esibhedlela sangakini ngemuva kokuba ulaliswe khona isikhathi eside.

Bhala incwadi uyibhekise kuMphathi wasesibhedlela ukhononde ngendlela abasebenzi basesibhedlela abakuphathe kabi ngayo. **[25]**

2.5 I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA

Beka imibono yakho mayelana nezenzo ezingezinhle ezidla lubi kulezi zinsuku ezenziwa abantu abasuke bebhikisha.

Bhala i-athikhili yephephandaba lo mphakathi eliphuma masonto wonke, uxwayise umphakathi. **[25]**

2.6 **INKULUMO-MPENDULWANO**

Ufisa ukuvula ibhizinisi likashisanyama ngakini. Uvakashele omunye osemnkantshubomvu kulolu hlobo lwebhizinisi ukuyocobelela ulwazi kuye. Bhala inkulumo-mpendulwano ebiphakathi kwakho nalo somabhizinisi. **[25]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100